Contact the publishers at:
P.O. Box 3457, Dalview 1544, Rep. Of South Africa

January 2002



Ukuhamba NoNkulunkulu

ZULU

Written by Rev. Lindsay Cameron
Translation by Bongani Langa
Based on 6 studies by Paul Meeks –
"God, You and New Life"

Published by:

The Wesleyan Church
P.O. 3457, Dalview 1544, Rep. of South Africa

Global Partners
The Wesleyan Church in Africa

International Headquarters:
6060 Castleway West Drive, Indianapolis Indiana, USA
P.O. Box 50434, Indianapolis IN 46250-0434, USA

© 2001 The Wesleyan Church
For permission to reprint any part of these studies,
contact the publisher

14. Funda uJohane 4v23-25.

- Uyini omunye umgomo webandla na? _____
  _____ .

15. Funda kumaHeberu 10v25.

- Yini okumele singayiyeki na? _____
  _____ .

IMIBUZO ESINGAXOXISANA NGAYO

1. Ibandla lakho lingabatshela kanjani abanye ngoJesu na? Ningabatshela kanjani abanye abaphila emazweni amanye?

2. Yini okuhle esikutholayo nxa sihlanganyela nabanye abakholwayo na?

3. Yini izinto ezingenziwa ngumzalwane ukuba asize ekuqhubekeni kwenkonzo ebandleni lakhe na?

Kubalulekile ukuba uye njalo njalo esontweni elifundisa iqiniso ngoJesu. Buza imibuzo kulelo bandla okulo ngoJesu. Uye esontweni maviki onke ukuba ufunde ngoNkulunkulu ukhule ube njengoJesu. Buza ukuthi izifundo zobulunga uzokhona ukuhlanganyela ngokupheleleyo ebandleni.

Bhala phansi ivesi lekhanda Matewu 16v18

_____

_____

_____

_____

_____

_____

Ngingaba Naso Na Isiciniseko Sokuthi Ngingumtwana KaNkulunkulu?

Ukuhamba NoNkulunkulu

1



1Johane 5 ***[9]****Uma samukela ubufakazi babantu, ubufakazi bukaNkulunkulu bukhulu kunalobo, ngokuba ubufakazi bukaNkulunkulu buyilobu abufakazile ngeNdodana yakhe.* ***[10]****Okholwa yindodana kaNkulunkulu unobufakazi phakathi kwakhe. Ongakholwa nguNkulunkulu umenza umcambimanga, ngokuba engakholwanga ngubufakazi uNkulunkulu abufakazile ngeNdodana yakhe.* ***[11]****Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokukuphila kuseNdodaneni yakhe.* ***[12]****Onayo iNdodana unokuphiila; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.*

[13]*Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu.* ***[14]****Yilesisibindi esinaso kuye ukuthi uma sicela utho ngokwentando yakhe,uyasizwa.* ***[15]****Uma sazi ukuthi uyasizwa noma sicelani, siyazi ukuthi sinakho esikucelayo, esikucele kuye. 1siimazi oweqiniso; sikuye oweqiniso,kuyo iNdodana yakhe uJesu Kristu. Yena unguNkulunkulu oqinisileyo nokuphila okuphakade*

[19]*Siyazi ukuthi singabakaNkulunkulu nokuthi izwe lonke limi ebubini* ***[20]****kepha sazi ukuthi iNdodana kaNkulunkulu isifikile yasinika ingqondo ukuba .*

Funda 1 Johane 5 v 11-12 umazi ngekhanda

Ukuba ngumtwana kaNkulunkulu kuyinto ongaba nesiciniseko ngayo. Akuyi ngokuthi ikutshela ukuthini imizwa yakho ngokuba iyehluka usuku ngosuku. Ngezinye izinsuku uzothokoza ngezinye ungathokozi kepha njengoba sesishilo isiciniseko sensindiso yakho kasihambisani nokuthi ikutshela ukuthini imizwa yakho. Insindiso yakho inesisekelo esicinile ongasethemba.

Kulesifundo uzofundiswa ngesisekelo salesiciniseko. Ingcondo yakho mayivuleke nokholo lwakho luqiniswe uMoya Ongcwele usazikhandla ufunda lesi sifundo.

NGIYAZI UKUTHI NGINGUMTWANA KANKULUNKULU IZETHEMBISO ZEZWI LIKANKULUNKULU

1. Funda Isambulo 3v20. Uthi uma simema uKrest enhliziyweni yethu yena uyakungena.
   - Ucelile ukuthi angene enhliziyweni yakho uJesu na? _____ .
   - Ukuphi uJesu manje na?_____ .

2. Funda uJohane1v12.
   - Ngokusho kwaleli ivesi labo abamamukelayo baba yini? _____ _____ .
   - UKrestu wamamukela ngokweciniso wakholwa kuye na? _____ _____ .
   - Ngaloko wena usungumtwana kabani na? _____ _____ .

3. Funda 1Johane 5v13.
   - Singaciniseka kanjani ukuthi sinokuphila okuphakade na? _____ _____ .

NGIYAZI UKUTHI NGINGUMTWANA KANKULUNKULU NGOBUKHONA NESIFAKAZELO SIKAMOYA

4. Funda 1 Johane 3v24.
   - Sazi kanjani ukuthi uKrestu uphila kithi na? _____ _____ .

5. Funda KukwabaseRoma 8v16.
   - Sazi kanjani ukuthi singabantwana baka Nkulunkulu na? _____ _____ .

NGIYAZI UKUTHI NGINGUMTWANA KANKULUNKULU NGENDLELA ESENGIPHILA NGAYO

6. Funda 1 Johane 2v3-6.
   - Ngingazi kanjani ukuthi ngiyamazi uNkulunkulu na?(vesi 3) _____ _____ .

IBANDLA LINOMSEBENZI OBALULEKILE

9. Funda Izenzo 1v8.
   - Amakholwa abemele ayenzele ini iNkosi na? _____ _____ .
   - Kwakumele baye kuphi na? _____ _____ .
   - Babeyowatholaphi amandla okufakaza na? _____ _____ .

10. Funda ngokuka Makho16v15.
   - Abafundi kwakumele bate kuphi na? _____ .
   - Kwakumele benzeni na?_____ _____ .
   - Kwakumele bashumayele obani na? _____ _____ .

11. Funda kwabase Galathiya 6v1-2.
   - Iyini izinto ezmibili amakholwa amele azenze kwamanye amakholwa na? _____ _____ .

12. Funda kwabaseGalathiya 6v10.
   - Kumele senze okuhle kubo bonke kepha ikakhulu obani na? _____ _____ .

IBANDLA LIKHONA UKUBA AMAKHOLWA AHLANGANYELE NDAWONYE

13. Funda Izenzo 11v25-26.
   - Amakholwa anentshisekelo negunya lokuba bahlanganyele ndawonye ukuba badumise kanye kanye nokuba bafunde izwi. UPawula noBarnaba babehlangana kuphi neqembu labakholwayo na? _____ _____ .
   - Bahlala isikhathi esingakanani kuleyo ndawo behlanganyele nebandla na? _____ .

2. Funda kwabase Efesu 5v23.
   - Ubani oyinhloko yebandla na? _____ .

3. Funda kwabase Efesu 5v25.
   - UKhristu walenzela ini ibandla na? _____ .

IBANDLA LIBIZWA NGOKUTHI LINGUMZIMBA KAKHRISTU

4. Funda kwabase Efesu 1v22-23.
   - Ibandla libizwa ngokuthi liyini na? _____ .

5. Funda kwabase Roma 12v5.
   - Uma singumzimba kaKhristu, buyini ubudlelwano bethu namakholwa amanye? _____ .

6. Funda kwabaseRoma 12v10.
   - Kumele sibe nobudlelwano obunjani omunye nomunye emzimbeni na? _____ .

7. Funda 1 Kwabase Khorinte 12v26.
   - Uma kunabazalwane abahluphekayo sihlanganyele kanjani nabo na? _____ .
   - Uma kunabazalwane abathokozile sihlanganyela kanjani nabo na? ___ _____ .

IBANDLA LIMELE LIKHULE LITHUTHUKE

8. Funda Izenzo 2v41-47.
   - Kuvesi 41 bangakhi abangena ebandleni na? _____ _____ .
   - Uvesi 42 uthi yini izinto ezine abacinisela kuzo na? _____ _____ .
   - Uvesi 46 uthi babeya kangakhi ethempeleni na? _____ _____ .
   - Kuvesi 47 uthi ubani abengeza abasindiswayo ebandleni na? _____ _____ .

   - Singabona kanjani ukuthii umuntu othi uyamazi uNkulunkulu ukhuluma amanga noma iciniso na? _____ _____ .
   - Uma sithi siyamazi uNkulunkulu, kepha singagcini imithetho yakhe, siyini na? _____ _____ .

KANKULUNKULU NGENDLELA ENGIPHILA NGAYO NABANYE NGIYAZI UKUTHI NGIYINGANE

7. Funda 1Johane 3v14-15.
   - Sazi kanjani ukuthi sindlulile ekufeni sangena ekuphileni na? _____ _____ .
   - UJohane umubiza ngani umuntu ozonda umfowabo na? _____ _____ .
   - Unako ukuphila okuphakade na? _____ .

NGIYAZI UKUTHI NGINGUMTWANA KANKULUNKULU NGENDLELA ENGIBHEKA NGAYO ISONO

8. Funda 1 Johane 3v4-10. Kulawa amavesi alandelayo igama lesono likhuluma ngokungalaleli uNkulunkulu ngokuzikhethela. Kalikhulumi ngeziphosiso esizenza ngokungazi

   - Siyini isono na?(vesi 4) _____ .
   - UJesu weza emhlabeni ukuba enzeni na?(vesi 5) _____ _____ .
   - UJohane uthini ngomuntu owonayo na?(vesi 6) _____
   - Singazi kanjani ukuthi umuntu ulungile na?(vesi 7) _____ _____ .
   - Uma umuntu ona ungokabani na?(vesi 8) _____ .
   - Umuntu engaqhubeka one na uma ethi ungokaNkulunkulu?(vesi 9) _____ .

- Singabahlukanisa kanjani abantwana bakaNkulunkulu nabantwana bakaSathane na?(vesi 10) _____ _____ .

9. Funda 1 Johane 2v1.
   - Wayelobe lani ngalezi zinto uJohane na? _____ _____ .

10. Funda 1 Johane 1v9
   - Uma sona kufanele ukuthi senzeni na? _____ .
   - Uma sesivumile izono zethu kuNkulunkulu ubese wenzani uNkulunkulu na? _____ _____ .

Uma wenza into engamthokozisi uNkulunkulu owaziyo ukuthi into embi, umele uyivume kuNkulunkulu ngokungacithi isikhathi ucele uNkulunkulu ukuba akuthethelele. Cela uNkulunkulu ukuba akusize ukuze usinqobe leso sono uphile impilo enthsa. UNkulunkulu ubheke ukuthi uphile impilo engcwele hhayi eyesono.

IMIBUZO ENINGAXOXISANA NGAYO

1. Umsebenzi kaMoya Ongcwele uyini ekunginikeni isiqiniseko sokusindiswa kwami na?

2. Yini engingakwenza kubonwe yibo bonkhe ukuthi sengingumtwana kaNkulunkulu ngokweciniso na?

3.Ngingasho ukuthi ngingumtwana kaNkulunkulu noma ngiqhubeka nokona ngazi na?

Bhala phansi ivesi lekhanda 1Johane 5v11-12.

_____
_____
_____
_____
_____
_____

Ibandla

Ukuhamba NoNkulunkulu

9

Izenzo 2 *[41]Ngakho abalamukelayo izwi lakhe babhaphathizwe, kwenizelwa ngalowo muhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.*

[42]Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, nasekuhlanganeni, nasekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni. [43]Kepha kwaba yilowo nalowo muntu wehlelwa ngukwesaba; kwenziwa ngabaphostoli izimangaliso nezibonakaliso eziningi. [44]Bonke abakholwayo babe ndawonye, bahlanganyela izinto zonke; [45]bathengisa ngemfuyo nangempahla, babela bonke ngayo njengokuswela kwabo. [46]Imihla ngemihla baqinisela nganhliziyonye ethempelini, bahlephula isinkwa ekhaya, badla ukudla kwabo ngentokozp nangobumhlophe benhliziyo, [47]bemdumisa uNkulunkulu, bethandeka kubantu bonke. Inkosi yenezela ebandleni imihla ngemihla abasindiswayo.

Funda Matewu 16v18 umazi ngekhanda

Njengoba singabazalwane siyincenye yenhlangano enhle kakhulu ebizwa ngokuthi yibandla. Ibandla lingabizwa ngokuthi lingumndeni kaNkulunkulu. UNkulunkulu ungubaba wethu bese kuthi bonke abanye abakholwa ngokweqiniso emhlabeni wonke babe ngabafowethu nodadewethu. Kulenhlangano yabakholwayo sithola ukuthandwa nokunakekelwa ,nokuhlanganyela, nokudumisa nokondliwa nokuhlephulelana nabanye lokho esinakho. Kunamagunya kanye nemisebenzi kulomndeni. Lomndeni uyincenye enhle yempilo yokukholwa.

UKHRISTU UYINHLOKO YEBANDLA

1. Funda ngokuka Matewu 16v18.
   - Ibandla ngelikabani na? _____ .
   - Ubani ozokwakha ibandla na? _____ .

15. Funda ngokukaJohane 9v1-5

- Ngesinye isikhathi uNkulunkulu ufuna sibekezele ekuhluphekeni. Uma senza njalo sikhomba umhlaba ukuthi sinethemba elendlulayo kulomhlaba. Uthini uJohane ngalokhu na? _____ .

Funda futhi Johane 21v18-19.

16. Funda 1 kuPetro 5v8.

- Ngesinye isikhathi ukuhlupheka kubangwa ubani na?_____.

Ngesinye isikhathi abantu bacabanga ukuthi ukugula kuvezwa yisono empilweni yomuntu. Lokho kungaba yiqiniso kepha hhayi ngaso sonke isikhathi. Ukuhlukumezeka kungalethwa yizinto eziningi. UJesu wahlukunyezwa kepha abengazange enze isono nakanye. Ngesinye isikhathi sihlupheka ngoba uNkulunkulu uyasethemba ukuthi singamuhluphekela.

17. Funda uJakobe 5v13-16.

- UNkulunkulu uyafuna ukuthi sikhulekele ukuphila na? _____ .

Kuhle ukukhulekela ukuphiliswa kuNkulunkulu kepha ungamuqindezeli. Methembe yena. Usihlelele okuhle kakhulu kunalokho esikuqabangayo.

IMIBUZO ESINGAXOXISANA NGAYO

1. Awuzindle ngempilo kaJobe ethestamenteni elidala. Ukugula nokuhlupheka kwakhe kwalethwa yisono na?

2. Yini okudinga ukukholwa okuningi phakathi kokuthokoza ekuhluphekeni nokuphiliswa.

Bhala ivesi olifunde walazi ngenhliziyo:1kuPetro 1v6-7.

_____

_____

_____

_____

_____

_____

Iyini Insindiso Na?

Ukuhamba NoNkulunkulu

2



Kwabase-Efesu 2 *[1]Uniphilisile nani enanifile ngeziphambeko nangezono zenu, [2]enanikade nihamba kuzo ngokwendlela yalelizwe, ngokombusi wamandla omkhathi, ongumoya osasebenza kubantwana bokungalaleli, [3]esasikade sihamba phakathi kwabo sonkhe ezinkanukweni zenyama yethu, senza intando yenyama neyengcondo; ngemvelo sasingabantwana bolaka njengabo abanye.[4]Kepha uuNkulunkulu ucebile ngesihawu, ngexa yothando lwakhe olukhulu asithanda ngalo, [5]sesifile ngeziphambeko, wenza siphile kanye noKrestu- kungomusa nisindisiwe-[6]wasivusa kanye naye, wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu kuKristu Jesu, [7]kuze ezikhathini ezizayo abonakalise ingcebo enkulu ngomusa wakhe ngobubele kithina kuKristu Jesu.*

[8]Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; [9]akuveli ngemisebenzi ukuze kungabikho ozibongayo. [10]Ngokuba singumsebenzi wakhe kuKrestu Jesu, sidalelwe imisebenzi emihle ayilungisela ngaphambili uNkulunkulu ukuba sihambe kuyo.

Funda Kwabase-Efesu 2v8-9 umazi ngenhliziyo

UNkulunkulu wahlelela umuntu insindiso umhlaba ungakadalwa. UJesu waphelelisa insindiso yethu ngokufa esiphambanweni nangokuvuka kwakhe kwabafileyo. Insindiso ke alisilo ize. Insindiso yinhle ngokwendlulele nome ubani angayemukela uma azophenduka ezonweni zakhe amukele uJesu ngokukholwa.

Kulesi sifundo sizofunda ngezinto ezinkulu ezenzeke empilweni yakho mhla umukela uKrestu enhliziyweni yakho ngokukholwa.

IZONO ZAKHO ZATHETHELELWA

1. Funda uJohane 3v16.
   - UNkulunkulu wayithumela Indodana yakhe ukuba yenzeni emhlabeni na? _____ .
   - Yini owayamukela mhla ukholwa uJesu na? _____ _____ .
2. Funda 1 Johane 1v9.
   - Yini ayenza uNkulunkulu mhla uvuma izono zakho kuye na? _____ _____ .
3. Funda Izenzo 3v19.
   - Kwenzekani ezonweni zakho mhla usindiswa na? _____ _____ .
4. Funda kwabase Kholose 1v14.
   - Ubani owakwabela ukuhlengwa nokuthethelelwa kwezono na? _____ _____ .
5. Funda kumaHeberu 10v17
   - UNkulunkulu uyakuzikhumbula izon zakho na? _____ _____ .

WALUNGISISWA NGUNKULUNKULU

6. Funda uJohane 3v17-19.
   - Kungani abantu babe necala phambi kukaNkulunkulu na? _____ _____ .
7. Funda uJohane 3v18.
   - Kumele senzeni ukuba singabi necala na? _____ .
8. Funda kwabase-Roma 5v1.
   - Uyini umphumela wokulungisiswa ngokukholwa? _____
9. Funda kwabase-Roma 8v1.
   - Obani okungasekho kubo ukulahlwa na? _____ _____ .

9. Funda 2 kabaseKhorinte 12v7-10.
   - UJesu uphilisa ngaso sonke isikhathi na? _____ .

Qha. Kungani angaphilisi ngaso sonke isikhathi na? Ngokuba yena unohlelo olunqono kakhulu.

UJesu akasiyo inyanga. Unamandla amakhulu kakhulu kunazo izinyanga. Inyanga ngazama ukulungisa umhlaba okwesikhashana. UJesu ufuna ukusenzela umhlaba omusha obizwa ngokuthi kusezulwini.

10. Funda Isambulo 21v1-4.
    - UJesu uyakukususa nini ukuhlupheka konke ezweni na? _____ .
11. Funda Johane 14v1-4.
    - Ngubani uJesu izomyisa eZulwini? _____ .

UJesu uyakwazi ukusiphilisa kepha ufuna kucala ukusilungiselela umhlaba omusha awudalayo.

12. Funda kwabaseRoma 8v28-29.
    - UNkulunkulu ufuna uku basifaneno bani na? _____ _____ .

UJesu wahlukunyezwa. Uma ungahlukunyezwa angeke ufane noJesu. Kungako uPawula athi, “Siyathokoza ekuhluphekeni kwethu ngoba siyazi ukuthi ukuhlupheka kuletha ukubekezela, ukubekezela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba; ithemba alijabhisi ngokuba uthando lukaNkulunkulu litheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya Ongcwele esimuphiweyo.(KwabaseRoma 5v3-5) Ujakobe uthi, “Bazalwane bami, nxa nehlelwa yizilingo ngezilingo, anothi kungukuthokoza kodwa, nazi ukuthi ukukholwa kwenu kuveza ukukhuthazela. Kepha ukukhuthazela makwenze umsebenzi opheleleyo nabangenacala bangasweli lutho.”(Jakobe 1v2-4).

13. Funda kwabaseRoma 8v18-19.
    - Yini okubalulekile, umhlaba ophela manje noma izulu eliyokuba khona kuze kube phakade na? _____ .

IZIZATHU ZOKUHLUKUMEZEKA

14. Funda ngokumaHeberu 12v7-11.
    - Ngesinye iskhathi ukuhlupheka kukulungisiswa uNkulunkulu. UNkulunkulu usuke ajonge ini ngokusilungisisa na? _____ .

Lokhu kungabalukhuni ukukuqonda. Okunye okulukhuni kakhulu kuthi ubiza abafundi bakhe ukuba bamulandele.

UJESU WAHLUPHEKA

1. Funda uIsaya 53v3 futhi.
   - Impilo kaJesu emhlabeni yayilula na? _____ .

2. Funda ngokukaLukha 9v22.
   - UJesu bekazi ukuthi uzohlupheka na? _____ .

3. Funda NgokumaHeberu 12v2-3.
   - UJesu wayenziwa yini ukuthi ukufa kwesiphambano akwamukele na? _____ .

ABANTU BAZOSIHLUKUMEZA NGOBA SILANDELA UJESU

4. Funda 1kaPetro 4v12-14.
   - Ukuhlukumezeka kumele kusimangalise na? _____ .
   - Sizothokoza nini na? (v13) _____ .

5. Funda uJohane 15v18-20.
   - Abanye bazokubheka njani nxa uphenduka uba ngumKristu na? ____ _____ .

6. Funda kwabaseFilipu 1v29.
   - Uma sithola impilo entsha kuJesu yini enye esibese siyayithola na? _____ .

7. Funda ngokukaLukha 23v34.
   - UJesu wayenza njani nxa abantu bemulimaza na? _____ _____. Ubheke ukuthi nathi senze njalo.

SINGAHLUPHEKA NGOKUGULA NOBUHLUNGU

8. Funda ngokukaJohane 11v17-45.
   - UJesu angaphilisa noma yisiphi isifo na? _____ .

Yebo. UJesu unamandla okuba aphilise noma yisiphi isifo. Noma kunjalo…

UZELWE KABUSHA WAVUSWA EMOYENI

10. Funda uJohane 3v3-7.

[3]UJesu waphendula wathi kuye: Ngicinisile, ngicinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha' angewubone umbuso kaNkulunkulu.

[4]UNikodemo wathi kuye: Umuntu engazalwa kanjani esemdala na? Angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe na?

[5]Waphendula uJesu wathi: Ngicinisile, ngicinisile, ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu. [6]Lokho okuzelwe yinyama kuyinyama: nalokho okuzelwe nguMoya kunguMoya. [7]Ungamangali ngokuba ngithe kuwe: Nimelwe ukuzalwa kabusha.

   - Kudingeke ngani ukuba uzalwe kabusha na? _____ .

11. Funda kwabase-Efesu 2v1-5.
   - Impilo yakho yayinjani uNkulunkulu angakakuphilisi na? _____ _____ .

12. Funda uJohane 5v24.
   - Kuyini onakho nyalo obongenakho ngaphambili na? _____ _____ .

13. Funda 2 kabaseKorinte 5v17.
   - Umuntu okukrestu uba yini na? _____ _____ .

WENZIWA UMTWANA KANKULUNKULU

14. Funda uJohane 1v12.
   - Yini amandla noma amagunya onikezwa wona uma usuwamukele uJesu na? _____ .

15. Funda 1Johane 3v1-2.
   - Ngothando olukhulu analo uNkulunkulu ngathi sesibizwa ngokuthini thina na? _____ .

16. Funda kwabaseRoma 8v14.
   - Yini isibonakaliso sokuthi singabantwana bakaNkulunkulu na? _____ .

17. Funda kwabaseRoma 8v17.

- Obani izindlalifa zikaNkulunkulu na? _____ .

Insindiso iyinto enkulu nenhle kunazo zonke izinto ezikhona emhlabeni. Asikacedi ukufunda ngensindiso kulesi sifundo. Insindiso esesiyifimene iyinto eqhubekayo; ukupheleliswa kwayo kuyokuba ngosuku kubuya uKrestu.

KuThithu 2 *[11]Ngokuba umusa kaNkulunkulu wokusindisa ubonakalisiwe kubantu bonke; [12]uyasifundisa ukuthi sidele ukungakholwa nezinkanuko zezwe sihamba ngokuqonda, nangokulunga, nangkumesaba uNkulunkulu kulesikkathi samanje, [13]sibheke ithemba elibususiweyo nokuvela kwenkazimulo kaNkulunkulu omkhulu noMsindisi wethu uJesu Kristu [14]owazinikela ngenxa yethu, ukuze asihlenge ebubini bonke, asihlambulule isizwe esingesakhe, sishisekele imisebenzi emihle.*

[15]Khuluma lokho, uyale, ukhuze ngamandla onke. Ungadelelwa muntu.

IMIBUZO ENINGAXOXISANA NGAYO

1.UJesu wasabela kanjani insindiso na?

2.Yipha izibonelo zabantu eBhayibhelini okwaguqulwa izimpilo zabo ziguqulwa ukusindiswa.

3.Ziyini izinguquko esezenzekile empilweni yakho kusukela wamukela uJesu ukuthi abe nguMsindisi wempilo yakho.

Bhala phansi ivesi olifunde walazi ngenhliziyo: Kwabase-Efesu 2v8-9.

_____

_____

_____

_____

_____

_____

Ukuhlupheka

Ukuhamba NoNkulunkulu

8

Isaya 53 *[1]Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo;ingalo kaJehova yambulelwa bani na?*

[2]Ngokuba yakhula njengehlumela phambi kwakhe, nanjengempande emhlabathini owomileyo; yayingenasimo nabuhle ukuba siyibuke, yayingabukeki ukuba siyifune.
[3]Yayideleliwe, yashiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula; yeyiswa injengosothezelwa ubuso ngabantu, asiyishayanga nto yalutho.

[4]Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubulungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe. [5]Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina. [6]Thina sonke sidukile njengezimvu: yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe: uJehova wehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke.

[7]Yacindezelwa, kepha noma yathotshiswa, ayivulanga umlomo wayo; njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu ethule phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo wayo. [8]Yasuswa ekucindezelweni nasekwahlulelweni; ngubani esizukulwaneni sayo owacabanga ukuthi yahlwithwa ezweni labaphilayo, ishaywe ngesiphambeko sabantu bami na? [9]Bambeka ithuna layo kanye nababi; ekufeni yayinabenza okubi, noma ingenzanga indluzula, kungekho nankohliso emlonyeni wayo.

[10]Nokho uJehova wathanda ukuyishaya ngezifo lapho wenza umphefumulo wayo ube ngumnikelo wecala, iyakubona inzalo yayo, yenze izinsuku zayo zibe ziningi, nentando kaJehova iyakuphumelela esandleni sayo

Funda u 1Phetro 1v 6-7 umazi ngenhliziyo.

Noma uJesu wayenguNkulunkulu aphila engumuntu, wavuma ukuba ahlupheke. Wahlupheka ngokuthi ashiye izulu, aphile impilo youmumtu ohluphekayo emhlabeni, ashiywa ngabantu ayecabanga ukuthi bangabangani bakhe waze wafa ukufa okulukhuni. Wakwenza lokhu enenhloso ethile. Wakwenza ngobe wayethanda abantu abebalahlekile, nokuthi ufuna udumo lubuyele kuBaba.

12. Funda ngokukaMatewu 23v23.

- UJesu washo ukuthi okweshumi sikukhokhe na? _____ .
- Yini okunye abebakubhekile ngaphandle kokukhokha okweshumi uJesu na? _____ .

13. Funda uNehemiya 10v37. *[37]silethe ulibo lomgqakazo wethu, neminikelo yethu yokuphakanyiswa, nezithelo zemithi yezinhiobo zonke, newayini namafutha kubapristi emakameiweni endlu kaNkulunkulu wethu, nokweshurni komlilabathi wethu kumaLevi, ngokuba wona amaLevi amukela okweshumi emizini yonke esilima kuyo.*

- Yini okunye okumele sikhiphe okweshumi kuyo ngaphandle kwemali? _____ .

14. Funda 2 kwabaseKorinte 9v6-11

- UNkulunkulu ungisiza kanjani ukuba ngiqhubeke nokupha na? (v.10) _____ .

IMIBUZO ESINGAXOXISANA NGAYO

1. Singakhokha okwengqayo kokweshumi na?

2. Izipho ezingahambisani nokweshumi zibizwa ngokuthi ngumnikelo wesihle. Ukhululekile ukuba uphe noma yini onayo. Kepha singakhokhi umnikelo wesihle, UNkulunkulu ubhekile ukuba sikhokhe okweshumi ebandleni lendawo okhonza kuyo. Yini iminikelo ongayiletha ibe yiminikelo yesihle na?

3. Ubumnene bakho nabanye bungaba yindlela yokukhomba ukubonga kwakho kuNkulunkulu na?

Bhala phansi livesi lokukhunjulwa KwabaseRoma 12v1.

_____

_____

_____

_____

_____

Umkhuleko

Ukuhamba NoNkulunkulu

3

Uma efa uJesu esiphambanweni siyatshelwa ngezinto ezimbalwa ezenzeka:

Matewu 27 *[45]Kepha kusukela ngehora lesithupha kwaba mnyama emhlabemi womke, kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye. [46]Kepha ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: "Eli, Eli, lama sabakthni?" okungukuthi: "Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?"*

[47]Abanye kwababemi khonabekuzwa bathi: "Lo ubiza u-Eliya." [48]Masinyane omunye kubo wagijima, wathatha ilula, waligcwalisa ngoviniga, walihloma emhlangeni, wamphusiza. [49]Kepah abanye bathi: "Yeka, sibone uma u-Eliya eza ukumsindisa."

[50]UJesu wabuye wamemeza ngezwi elikhulu, wafa. [51]Bheka-ke, isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze kufike phansi; umhlaba wazamazama, amadwala aqhekezeka; [52]amathuna avuleka, imizimba eminingi yabangecwele ababelele yavuka; [53]baphuma emathuneni envakokuvuka kwakhe, bangena emzini ongcwele, babonakala kwabaningi.

[54]Kepha induna yekhulu nababe nayo belinda uJesu sebebona ukuzamazama nalokho okwenzekileyo besaba kakhulu, bathi: "Nempela loube yiNdodana kaNkulunkulu ."

Ngesikhathi sethestamende elidala abantu bebangavunyelwa ukuthi bangene eThempelini endaweni ebeyibizwa ngokuthi kusendaweni engcwele. Ngabapristi kuphela abebavumelekile ukungena kuphela bese umpristi omkhulu kunguye yedwa obekanemvumo eyokukhuluma ngco noNkulunkulu. Uma efela izono zethu uJesu wesusa ulaka lukaNkulunkulu. Manje wonke umuntu angathethelelwa akhulume ngco noNkulunkulu. Kungako ikhethini ladabuka emkhathini. UNkulunkulu ngalena ndlela abesimema ngayo ukuba sizokukhuluma naye ubuso nobuso. Asisadingi ukkhuluma nompristi nxa sifuna ukukhuluma noNkulunkulu.

Funda Matewu 7v7 umazi ngenhliziyo.

NKULUNKULU USIBIZELA EMTHANDAZWENI

1. Funda Johane 16v24.
   - Ukukhuluma noNkulunkulu kukhulisa ubudlelwano bakho naye. Kwenzekani nxa sicela na? _____ _____ .

2. Funda Matewu 7v7.
   - UJesu ufuna ukusenzela ini nxa sicela, sifuna, sinqonqotha uzosenzela ini na? _____ .

3. Funda Matewu 26v41.
   - Yini esinye isizathu sokuthi sikhuleke na? _____ _____ .

4. Funda Lukha 11v1-4.
   - Yini izinto esimele ukuzikhulekela na? _____ _____ _____ .

IMPILO YOKUKHULEKA NJALO

5. Funda Makho 1v35. Naka indlela uJesu akhuleka ngayo.
   - UJesu abekhuleka ngasiphi isikhathi na? _____ .

6. Funda Lukha 6v12-16.
   - Umkhuleko wawubaluleke kangakanani kuJesu na? _____ .

7. Funda Lukha 10v38-42.
   - Umata abesebenza kalukhuni, kepha uMariya abenza okunqono kakhulu. Abenzani uMariya na? _____ .
   - Ukuhlala ezinyawenikufana ngani nokukhuleka na? _____ _____ .

INDLELA YOKUKHULEKA

8. Funda Lukha 18v9-14.
   - Kungani uJesu angawuthandanga umkhuleko wemfarisi na? _____ _____ .

IMALI YETHU NGEKANKULUNKULU

Ibhayibheli likhuluma ngokucacili ngendlela okumele siphathe ngayo imali siyiphathela uNkulunkulu. Isibonelo sitholakala kuGenisisi.

9. Funda uGenesisi 14v18-20: *UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini, wayengumpristi kaNkulunkulu oPhezukonke. Wambusisa wathi: "U-Abrama makabusiswe nguNkulunkulu ophezukonke, umdali wezulu nomhlaba. Makabongwe uNkulunkulu ophezukonke onike izitha zakho esandleni sakho." U-Abrama wamnika okweshumi kwakho konke.*

   - U-Abrahama wakhomba kanjani ukubonga kwakhe kuNkulunkulu na? _____ .

Nxa ukhipha kunye ezintweni eziyishumi onazo kubizwa <u>ngokuthi ukukhipha okweshumi.</u> Ngalendlela ukhomba ukuthi konke okwakho ngokuka Nkulunkulu nokuthi impilo yakho incike kuyo.

10. Funda uGenesise 28v20-22. *[20]Ujakobe wenza isithembiso, wathi: "Uma uNkulunkulu eyakuba nami, angilondoloze kule ndlela engihamba ngayo, angiphe isinkwa sokudliwa nezingubo zokwembatha, [21]ukuze ngibuyele endlini kababa ngokuthula, Idlona ujehova uyakuba nguNkulunkulu wami, [22]naleIi tshe engilimise libe yinsika ijyakuba yindlu kaNkulunkulu, nakukho konke oyakungipha khona ngiyakukunika okweshumi."*

   - UJakobe ukhomba kanjani ukwethembeka kwakhe kuNkulunkulu na? _____ .

11. Funda uMalakhi 3v8-12. *[8]"Umuntu angaphanga uNkulunkulu na? Nokho niyangiphanga. "Bese nithi: 'Sikuphange kanjani na?' "Ngokweshumj nangeminikelo. [9]Niqalekisiwe ngesiqalekiso, nokho niyangiphanga, Sizwe sonke. [10]Ngenisani konke okweshumi endlini yengcebo ukuba kube ngukudla endlini yami, rnngivivinye ngalokhu," usho ujehova Sebawoti, "uma ngingayikunivulela amafasitele asezuiwini, nginithululele isibusiso kunokwane1eyo. [11]Ngenxa yenu ngiyakukhuza okudlayo, kungachithi izithelo zomhiabathi wenu, nemivini yenu ayiyikuphutha endle," usho ujehova Sebawoti. [12]"Zonke izizwe ziyakuthi nibusiswe, ngokuba niyakuba yizwe elithokozisayo," usho ujehova Sebawoti.*

   - Uma singalethi okweshumi kwethu esontweni senzani na? (v8) _____ _____ .
   - Kwenzekani nxa sikukhipha ngokufanele okweshumi na? _____

UJesu wabokubona ukukhipha kweshumi njengencenye encane yaloko esikweneta yona Nkulunkulu

- Ukuphi uKhristu manje na? _____ .
- Umele unake okwakuphi na? _____ .

2. Funda kwabaseRoma 12v1.
   - Umele uzicabang njani manje na? _____ .

3. Funda 2 KwabaseKhorinte 5v 14-15.
   - Impilo esinayo manje emhlabeni ngekabani na? _____

4. Funda kwabaseGalathiya 2v20.
   - Ngiphilela ubani na? _____ .

Indlela esisebenzisa imali nemfuyo yethu imele ikhombe ukuthi uNkulunkulu nguye umnikazi wempilo yethu, imizimba yethu, ingqundo yethu, amakhono ethu, isikhathi sethu, nazo zonke izinto esinazo. Konke lokhu akusikho okwethu. Konke esinako kuvela kuye. Ngalokho simelw ukukusebenzisa ngendlela emunikeza udumo uNkulunkulu konke asiphe khona,

Nxa afa uJesu, wathatha indawo yethu. Wathatha izono zethu thina sathatha ukulunga kwakhe. Sinempilo yakhe yena unempilo yethu. Uma ungowaKhristu impilo yakho ayibe isaba ngeyakho. Impilo yakho ibese iba ngeyakhe , wena ubese uyamgadela leyo mpilo Ubese ufana nomlindi wesitolo asigadela umnikazi waso. Umlindi asisiso esakhe esitolo kepha ubhekele umnikazi waso futhi umele alethe kuye imibiko.

IMIZIMBA YETHU NAMAKHONO ETHU ANGOWAKHE

5. Funda 1 Khorinte 6v19-20.
   - Ubani ophila emizimbeni yethu na? _____ .
   - Simele ukudumisa njani uNkulunkulu na? _____ .

6. Funda kwabaseRoma 12v1.
   - Imizimba yethu semele ukuyenza njani na? _____
     _____ .

7. Funda kwabaseRoma 12 v 6-8.
   - Simele senzeni ngamakhono uNkulunkulu asiphe wona _____

8. Funda kwabase Efesu 5v16.
   - Yini enye esimubhekele yona uNkulunkulu na? _____ .

- Kungani umkhuleko wendoda yesibili wamukeleka kuNkulunkulu na?
  _____ .

9. Funda Matewu 6v5-8.
   - UJesu usiyala ukuthi sikhuleke kanjani na? _____ .

10. Funda Izenzo 4v31.
    - Babekuphi abafundi nxa bekhuleka na? _____
      _____ .

Ngesinye isikhathi sikhuleka sisodwa ngesinye isikhathi sikhuleka sindawonye. Akunandaba ukuthi sikhuleka kanjani. Okubalulekile ukuthi sibe nomoya wokuzithoba phambi kukaNkulunkulu.

11. Funda kwabaseRoma 8v26-27.
    - Kumele senzeni ukuba imikheleko yethu iphendulwe na? _____
      _____ .

UMKHULEKO OPHENDULWAYO

12. Funda Johane 15v7.
    - Yini okumele siyenze ukuba imikhuleko yethu iphendulwe na?
      _____ .

13. Funda Matewu 21v21-22.
    - Umkhuleko unamandla angakanani na? _____
      _____ .

Abanye bantu baba senkingeni uma UNkulunkulu athi “cha” emithandazweni yabo. Kunezinto ezidingekayo kuthi umthandazo uphendulwe.

14. Funda Matewu 26v39.
    - UJesu yini abengafuni yenzeke na? _____ .
    - Yini-ke akubona kuncono ukuthi kwnzeke? _____
      _____ .

15. Funda 2 kwabase Khorinte 12v7-9.
    - Umkhuleko kaPawula awuphendulekanga ngani na? _____
      _____ .

16. Funda uJakobe 4v1-3.

- Imikhuleko yalawo makholwa ayizange iphendulwe ngasiphi isizathu.na? _____ .

Siyakhuthazwa ukuba sikhulekele esikufunayo kuNkulunkulu ngomkhuleko, kepha imikhuleko yethu imele inikelwe entandweni kaNkulunkulu. Uma sikhula ekumazini uNkulunkulu nezindlela zakhe, sizofunda imikhuleko ethokozisayo kuye uNkulunkulu.

17. Funda Matewu 6v33.

- Nxa ukhuleka yini into yokuqala esifanele siyenze na? _____ _____ .

IMIBUZO ESINGAXOXISANA NGAYO

1. Nguyiphi imikhuleko uNkulunkulu azokuyiphendula njalo? Nguyiphi angeke ayiphendule?

2. UNkulunkulu udabule isihenqo sethempeli wasivumela ukuba sikhulume naye. Siyamethuka na nxa singakhuleki?

3. UNkulunkulu unamandla kuna noma muphi umholi welizwe lomhlaba. Uma umholi wezwe lakho angakumema ukuba umtshele izidingo zakho ungamtshela na? Kangakanani uNkulunkulu na? Uqabanga ukuthi abantu benziwa yini na ukuthi bakhuleke na?

Bhala phansi ivesi lokukhunjulwa: Matewu 7v7.

_____

_____

_____

_____

_____

_____

Indlela Abazalwane Bamelwe Ukusebenzisa Izinto Abanazo Ngayo.

Ukuhamba NoNkulunkulu

7

Ngokuka Matewu 6 *"[19]Ningazibekeli ingcebo emhlabeni lapho khona inundu nokugqwala nalapho amasela efohla khona ebe. [20]Kepha zibekeleni ingcebo ezulwine, lapho kungoni inundu nokugqwala, nalapho amasela engafohli khona, ebe. [21]Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba khona lapho.*

"[24]Akakho ongakhonza amakhosi amabili. Ngokuba uyakuzonda enye, athande enye, noma abambelele kwenye, adelele enye. Ningekhonze uNkulunkulu noMamona.

[25]Ngalokho-ke ngithi kini: Nngakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani noma niyakuphuzani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani. Ukuphila akukukhulu kunokudla nomzimba kunesambatho na? [26]Bukani izinyoni zezulu ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azibekeleli ezinqolobanene; nokho uYihlo wasezulwini uyazondla. Nina kanizidluli kakhulu na? [27]Ngumuphi kini ongelekela ebudeni bakhe ingalo ibe nye ngokukhathazeka na? [28]Nikhathazekelani ngesambatho na? Qaphelani iminduze yasendle ukuthi imila kanjani, kayikhandeki, kayiphothi [29]kepha ngithi kini: NoSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo. [30]Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obikhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, akayikunembathisa kakhulu nina eninokukholwa ikuncane na? [31]Ngakho-ke ningakhathazeki nithi: "Siyakudlani?" noma: "Siyakwembathani na?" [32]Ngokuba konke lokhu abezizwe bayakufunisisa, ingani uYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu. [33]Kodwa funani kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe, khona konke lokhu kuyakwenezelwa nina. [34]Ningakhathazeki ngengomuso, ngokuba ingomuso iyakukhathalela okwayo. Inkathazo yosuku yanele lona.

Funda kwabaseRoma 12v1 umazi ngenhliziyo.

KONKE ESINAKO OKUKANKULUNKULU

1. Funda kwabaseKolose 3v1-4.

- Uyakuba kuphi nxa uKhristu ebonakaliswa? _____ .

2. Zibonakala njani izithelo zikamoya ezimpilweni zethu?

3. Uma sinezithelo zikamoya ezimpilweni zethu, bazobona yini abantu?

Ukugcwaliswa ngomoya kunika impilo impilo ethokozisayo ekuncobeni kanye nasekubusisweni.Uke wehluleka yini uma uzama ukumlalela kuJesu na?Uke wababuthakathaka wesaba ukufakaza? Uma kunjalo,lezi yizibonakaliso ukuthi uyadinga ukuhlanzeka nokugcwaliswa ngumoya Ongcwele. Ungathanda yini ukuba nempilo egcwaliswe ngomoya Ongcwele? Lezinto ezilandelayo zingakusiza.

Khuleka. Vuma ukuthi uyadinga ukuhlanzwa esonweni sakho semvelo. Zinikele kuNkulunkulu ngokupheleleyo. KwabaseRoma 12v1-2 uthi, “Ngakho ngiyanincenga bazalwane,ngobubele bukaNkulunkulu ukuba ninikele imizimba yenu ibe ngumnikelo ophilileyo, ongcwele, othandeka kuNkulunkulu, kube ngukukhonza kwenu kokuqonda; ningalingisi leli zwe, kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibe ntsha ingqondo yenu, ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo.”

Cela uNkulunkulu ukubaakugcwalise ngoMoya wakhe Ongcwele njengoba ethembisa. KwabaseRoma 6v19 uthi,”Ngikhulumisa okomuntu ngenxa yobuthakathaka benyama yenu. Ngokuba njengalokho nanikela izitho zenu zibe yizinceku zamanyala nezokungalungi kwaba ngukungalungi, kanjalo nikelani izitho zenu zibe yizinceku zokulunga kube ngukungcweliswa.”

Yamukela uMoya Ongcwele manje nokugcwala kwakhe ngokukholwa, ubese ubonga uNkulunkulu ngokukugcwalisa ngoMoya Ongcwele.

Bhala phansi ivesi lokukhunjulwa: Kwabase Efesu 5v18.

Ukufunda ibhayibheli

Ukuhamba NoNkulunkulu

4

Johane 15 ***[1]****Mina ngingumvini owonawona, uBaba ungumlimi.* ***[2]****Yilelo nalelogatsha elikimi, elingatheli izithelo uyalisusa. Yilelo nalelo elithela izithelo uyalihlunga ukuba lithele kakhulu.* ***[3]****Nina senihlanzekile ngezwi engilikhulume kinina.* ***[4]****Hlalani kimi namii kini. Njengolokhu igatsha lingethele izithelo ngokwalo, kuphela uma lihlala emvinini, kunjalo nani, kuphela ima nihlala kimi.*

[5]*Mina ngingumvini, nina ningamagatsha; ohlala kimi, nami kuye,lowo uthela izithelo eziningi; ngobe ngaphandle kwami ningenze lutho.* ***[6]****Uma umuntu engahlali kimi, ulahlwa ngaphandle njengegatsha, abune; bawabuthe, bawaphonse emlilweni ashe.* ***[7]****Uma nihlala kimi, namazwi ami ehlala kini, nitakucela enikuthandoyo, nikwenzelwe.* ***[8]****UBaba uyakhazinyuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe ngabafundi bami.*

[9]*Njengalokhu uBaba ungithandile nani nginithandile; hlalani othandweni lwami.* ***[10]****Uma nigcina imiyalo yami niyakuhlala othandweni lwami, njengalokhu mina ngigcinile imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.* ***[11]****Nginitshelile lokhu ukuba ukuthokoza kwami kube kini, nokuthokoza kwenukugcwale.*

Funda UJohane 5v10 Umazi Ngenhliziyo.

Nxa kuzalwa ingane kubalulekile ukuba ingagcini ngokuphila nje kepha iqhubeke ikhule. Nasempilweni yokukholwa kunjalo.Uma sesingabantwana baNkulnkulu simele siqhubeke siphile njengabantwana baNkulunkulu sikhule ukuba sizokupheleliswa.UBaba wethu wasezulwini akathokoziswa ukuthi sihlale siyizingane kepha uthokoza uma sikhula ekumazini yena. Kulesifundo uzofunda izinto ezizokusiza ukuthi ukhule empilweni yakho yokukholwa.

IBHAYIBHELI LIYIZWI LIKA NKULUNKULU KITHI

1. Funda 2 kuThimothewu 3v14-17.
   - Ukufunda iBhayibheli kwakumsiza ngani uThimothewu na? (v 15) _____ .
   - Ibhayibheli livelaphi na? (v 16) _____ _____ .
   - IBhayibheli lilungele ukwenzani na? (v 17)
     a) _____ .
     b) _____ .
     c) _____ .
     d) _____ .
   - IBhayibheli lilungele ukwenzani na? (v 17) _____ _____ .

2. Funda 2 Petro 1v19-21.
   - UPetro usitshela ukuthi iBhayibheli lifana nesibane esikhanya ebumnyameni. Kumele sisenze njani na? (v 19) _____ _____ .
   - IBhayibheli lavela kuphi na? _____ _____ .

3. Funda Matewu 5v18.
   - Nguyiphi incenye yeBhayibheli eguqukayo na? _____ .

Siyazi ukuthi iBhayibheli livela kuNkulunkulu. Liyizwi likaNkulunkulu kithi. Linguyinye yezindlela akhuluma ngazo kithi lamuhla. Siyazi nokuthi iBhayibheli aliguquki nanini nanini.

4. Funda Izenzo 17v11.
   - Abantu baseBeriya kwakushiwo ngani ukuthi babebahle na? _____ .

5. Funda kwabaseRoma 15v4.
   - Labhalelwa ini iBhayibheli na? _____ _____ .

8. Funda kwabaseRoma6v6.
   - Isono semvelo sibizwa ngokuthi “ngumuntu omdala.” Ngokusho kwalo ivesi kubese kwenzekani kumuntu omdala na? _____ _____ .

9. Funda kwabaseRoma 6v7.
   - Nxa esefile umuntu omdala kubese kwenzekani na? _____ _____ .

10. Funda kwabaseGalathiya 2v20.
    - Emuva kokuba uPawula abethelwe noKristu ubani abephila kuye na? _____ .

UMOYA ONGCWELE USIPHA AMANDLA

11. Funda Izenzo 1v8.
    - Siyakwamukeliswa amandla lapho uMoya Ongcwele wehlela phezu kwethu. Yini injongo yokwamukela lawa mandla na? _____ _____ .

12. Funda Izenzo 4v31.
    - Uyini umphumela wokugcwaliswa ngulawa mandla na? _____ _____ .

13. Funda Izenzo 19v1-7.
    - Umpostoli uPawula abekubona kubaluleke kangakanani na ukugcwaliswa ngoMoya Ongcwele? _____ .

ISITHELO SIKAMOYA ONGCWELE

14. Funda kwabaseGalathiya 5v22-23.
    - Nxa sesigwalisiwe ngaMoya Ongcwele, siyocala ukuveza izithelo zikaMoya ezimpilweni zethu. Bhala izinto eziyisgoba galo lunye (9) ezithiwa kulelivesi ziyizithelo zikaMoya _____ _____ _____

IMIBUZO ENINGAXOXISANA NGAYO

1. Yini izithelo ezimbi kubaseGalathiya 5v19-21.

Ongcwele osiholela eqinisweni lonke likaNkulunkulu bese lisungula umsebenzi wokusenza sifane noJesu. Lapho sigcwaliswa uMoya Ongcwele, usiholela ekutheni sinqobe kakhulu empilweni yethu yokukholwa. **Usinika ukukhululeka esonweni** sibe **namandla amasha okumfakazela** uJesu..

UMOYA ONGCWELE UPHIWA ABAKHOLWAYO

1. Funda uJohane 16v7.
   - UJesu wethembisa ukubalethela ini abafundi bakhe na? _____ _____ .

2. Funda kwabase Efesu 5v18.
   - Yini umyalezo abawuthola abafundi na? _____ _____ .

3. Funda uJohane 16v8.
   - Umoya Ongcwele uyakwenzani nxa efika na? _____ _____ .

4. Funda ngokukaJohane 16v13.
   - Yini omunye umsebenzi kaMoya Ongcwele na? _____ _____ .

UMOYA ONGCWELE UHLANZA INHLIZIYO

5. Funda ngokukaJohane 15v8.
   - UMoya Ongcwele wenzani ezinhliziyweni na? _____ _____ .

6. Funda 1 kwabaseKhorinte 3v1-3.
   - Lapha sitshelwa ukuthi inhliziyo idinge ngani ukuhlanjululwa noma umuntu sekathethelelwe izono. Besinjani isimo samakholwa aseKhorinte na? _____ _____ .

7. Funda 1 kwabaseThesalonika 5v23.
   - Kuphelele na lokhu kuhlanjululwa? _____ _____ .

UKUFUNDA IZWI LIKANKULUNKULU NOKULIHLOLISISA NJALO

6. Amahubo 119v11, “Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho ukuze ngingoni kuwe.”
   - Nika isibonelo sesikhathi lapho izwi likaNkulunkulu lakusiza ukuthi ungoni na? _____ .

7. Funda uJohane 15v7.
   - Kumele senzeni ukuthi imikhuleko yethu iphendulwe na? _____ _____ .

8. Amahubo 119v105 uthi, “Izwi lakho liyisibane ezinyaweni zami.”
   - Izwi likaNkulunkulu liyisibane kanjani ezinyaweni zakho na? _____ _____ .

9. Funda 1 uJohane 5v13.
   - Sizuza ini ngokufunda iBhayibheli na? _____ _____ .

UKUMULALELA NOKUMETHEMBA NGOKUPHELELEYO UNKULUNKULU

10. Funda Johane 15v9-15.
    - Yini okumele siyenze ukuba sihlale othandweni lukaNkulunkulu na? _____ .
    - UJesu yini asazisa yona na? _____ _____ .

11. Funda 1 Johane 1v7.
    - Uma sifuna ukuba nobudlelwano noNkulunkulu obuqhubekayo obungcwele, kumele senzeni na? _____ .

12. Funda 2 uThimothewu 4v7.
    - Yini uPawula abeyazi na? _____ .

13. Funda kwabaseRoma 12v1-2.
    - Uma uzinikela kuNkulunkulu uhlolisise izwi lakhe ubese ufunda izindlela zakhe. Uthi uPawula yini enziwa ibe ntsha na? _____ _____ .

IMIBUZO ESINGAXOXISANA NGAYO

1. IBhayibheli kwathatha iminyaka engu 2000 ukuthi liqede ukubhalwa. Laqala ngeikhathi sikaMose ukubhalwa kwaze kwaba yiskhathi sabapostoli. Ababhali balo bebafunde ngokwehlukene baphila impilo eyahlukahlukene kepha uMoya Ongcwele wabalonda bonke. Kukhona yini lapho ubona isimilo sombhali sivela emibhalweni yakhe na? Uyabona na ukuthi umlayezo awulahleki noma kunjalo na?

2. Ukufunda uhlolisise iBhayibheli kusisiza njani ukuba sikhule ezimpilweni zethu na?

OKUNGAKUSIZA UKUBA UKHULE EBUDLELWANENI BAKHO NONKULUNKULU

Umele ube nesikhathi usuku ngosuke sokufunda iBhayibheli ukhulume noNkulunkulu ngomkhuleko. Thola isikhathi lapho uzobakhona wedwa, indawo ethulile uma kungenzeka. Kuyasiza ukuqala ngokufunda incwadi kaJohane. Funda isahluko esisodwa ngosuku uthathe isikhathi ukuzindla ngokufundile nokuthi athini kuwe. UNkulunkulu ufuna ukusebenzisa izwi lakhe ukuba akhulume nawe(IBhayibheli).Kungakusiza ukuba ube nencwadi obhala kuyo imicabango yakho nemibuzo ongaba nayo usafunda.

Nxa usuqedile ukufunda, qitha isikhathi usemkhulekweni. Qala ngokumbonga ngamavesi osowafundile, umbonge ngothando lwakhe nezibusiso zakhe eziningi. Khulekela umndeni wakho nabangani bakho nalabo abasengakasindiswa. Zikhulekele wena ukhulekele nokuthi impilo yakho yakoMoya iqhubeke kahle. Mutshele izinkinga ohlangabezana nazo umcele ukuthi ufuna ukumazi kanqono.

Usaqhubeka ngalena ndlela uzokhula ube namandla ekukholweni.

Bhala phansi ivesi lokukhunjulwa: Johane 15v10

Impilo Egcwele Umoya Ongcwele

Ukuhamba NoNkulunkulu

6

KwabaseRoma 8 *[1]Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu. [2]Ngokuba umthetho kaMoya wokuphila okuKristu Jesu ungikhululile emthethweni wesono nowokufa. [3]Ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxayenyama, wakwenza uNkulunkulu ngokuthuma iNdodana yakhe ifana nenyama yesono, nangenxa yesono walahla isono enyameni, [4]ukuze umyalo womthetho ugcwaliseke kithina esingahambi ngokwenyama kepha ngokukaMoya.*

[5]Ngokuba abokwenyama banaka okwenyama, kepha abakaMoya banaka okukuMoya. [6]Ngokuba ukunaka kwenyama kungukufa, kepha ukunaka kukaMoya kungukuphila nokuthula. [7]Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu; ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze; [8]abasenyameni abanakumthokozisa uNkulunkulu.

[9]Kepha nina enisenyameni, kodwa nikuye uMoya, uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye uMoya kaKristu, lowo kasiye owakhe. [10]Uma uKristu ekini, umzimba ufile ngenxa yesono, kepha umoya ungukuphila ngenxa yokulunga. [11]Uma-ke uMoya walowo owavusa uKristu Jesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu Jesu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

Funda kwabase Efesu 5v18 umazi ngenhliziyo.

Ukuthethelelwa izono ube nokuthula noNkulunkulu yinto emnandi ngokungachazeki. Noma kunjalo kukhona okunye uNkulunkulu afuna ukukwenzela khona. Ufuna ukukugcwalisa ngoMoya wakhe Oyingcwele. Lapho uJesu ehamba esebuyela kuYise ezulwini, wasethembisa ukuthi uzosithumelela uMoya Ongcwele ukuba azohlala nathi njalo. UNkulunkulu ufuna ukuba lesithembiso sifezeke nakuwe. Lokhu siye sithi yimpilo egcwele uMoya Ongcwele. Lapho sisindiswa ezonweni zethu samukela uMoya

15. Funda 1 kwabaseKhorinte 12v11.

- Bakhona na abasindisiwe abeswele izipho na? _____ .

16. Funda kwabaseEfesu 4v11-13.

- Izipho zikhona ukuba zisetshenziswe ekwenzeni ini na?(vesi 12) ____ _____ .

ABANTU ENGIZOBAFAKAZELA

17. Bhala phansi amagama abantu abathathu ozobakhulekela ubafakazele ngoJesu. _____ .

18. Zilungiselele ukufakazela abanye ngalokhu uKrestu akwenzele khona empilweni yakho. Zifundise ukuholela umuntu kuKrestu ngomkhuleko azocela ngawo ukuthethelelwa uJesu.

IMIBUZO ENINGAXOXISANA NGAYO

1.Nxa ubheka izipho onazo ngokwendalo, izipho zakho zikaMoya kanye nokufunda kwakho yini ongamkhonza ngayo uNkulunkulu na?

2. Bakhona na abantu uNkulunkulu abheke ukuba wena ubaholele kuye ukuba basindiswe?

3.Ubani owakuholela kuKrestu na? Nyalo njengalokhu ususindisiwe, umele nawe wenzeni kwabanye na?

Bhala phansi ivesi olifunde ngenhliziyo:Izenzo 1v8

_____

_____

_____

_____

_____

_____

Ukutshela Abanye

Ukuhamba NoNkulunkulu

5

Johane 4 *[4]Kwakuswelekile ukuba adabule iSamariya. [5]Khona wafika emzini waseSamariya ogama lawo yiSikhari, eduze nesiqinti uJakobe asinika uJosefa indodana yakhe. [6]Wawukhona lapho umthombo kaJakobe. Ngakho uJesu esekhathele ukuhamba wayesehlala ngasemthonjeni. Kwakungaba yihora lesithupha. [7]Owesifazane waseSamariya weza azokukha amanzi. UJesu wathi kuye: Ngiphuzise. [8]Ngokuba abafundi bakhe babehambile baya emzini beyothenga ukudla.*

[9]Khona owesifazane waseSamariya wathi kuye: Yini wena ongumJuda ucele ukuphuziswa yimi engingowesifazane waseSamariya na? Ngokuba abaJuda abadlelani namaSamariya. [10]UJesu waphendula, wathi kuye: Uma ubusazi isipho sika Nkulunkulu nokuthi ubani othi kuwe:Ngiphuzise, nga ucela kuye, yena nga ukunika amanzi aphilayo.

[11]Wathi kuye: Nkosi, awuphethe lutho lokukha amanzi, umthombo ujulile; uwathathaphi, pho lawomanzi aphilayo na? [12]Kanti wena umkhulu yini kunobaba uJakobe owasinika lomthombo waphuza kuwo, yena kanye namadodana akhe nemihlambi yakhe na?

[13]Waphendula wathi kuye: Yilowo nalowo ophuza lawamanzi uyakubuya ome; [14]kepha loyo oyakuphuza engiyakumnika wona kasiyikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo kube ngukuphila okuphakade.

[15]Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiphe lawo manzi ukubanginomi, ngingabe ngiseza ukukha lapha.

[16]Wathi kuye: Hamba ubize indoda yakho, uze lapha. [17]Owesifazane wathi: Anginandoda. UJesu wathi kuye: Usho kahle ukuthi: Anginandoda; [18]ngokuba usuke waba namadoda ayisihlanu; le onayo kalokhu akusiyo indoda yakho. Lokhu ukusho ngeqiniso. [19]Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena. [20]Okhokho bethu babekhuleka kulentaba; nina-ke nithi iseJerusalem indawo lapho kufanele kufanele kukhulekwe khona.

[21]UJesu wathi kuye: Sifazane, khowa yimi, isikhathi siyeza lapho ningasayikukhuleka kuBaba kulentaba naseJerusalema. [22]Nina nikhuleka kweningakwaziyo, thina sikhuleka kwesikwaziyo; ngnokuba insindiso ivela kwabaJuda. [23]Kodwa isikhathi

siyeza, sesikhona namanje, lapho abakhulekayo baqinisileyo bayakukhuleka kuBaba ngomoya nangeqiniso; ngokuba uBaba ufuna abakhuleka kuye abanjalo.
[24]UNkulunkulu unguMoya; abakhuleka kuye bafanele ukukhuleka ngomoya nangeqiniso.

[25]Owesifazane wathi kuye: Ngiyazi ukuthi uMesiya uyeza, okuthiwa uKristu; nxa esefikile yena uyakusitshela konke.

[26]UJesu wathi kuye: Nginguye mina engikhuluma nawe.

[27]Ngaleso sikhathi befika abafundi bakhe bamangala ngokuba ekhuluma newesifazane; nokho akubangakho owathi: Ufunani na? noma: Ukhulumelani naye na?

[28]Owesifazane wayeseshiya imbiza yakhe, waya emzini, wathi kubantu: [29]Wozani nibone umuntu ingitshele konke engikwenzileyo; kungebe uKristu na? [30]Baphuma emzini beza kuye.

[39]AmaSamariya amaningi alowo muzi akholwa nguye ngezwi lowesifazane owafakaza ukuthi: Ungitshele konke engikwenzileyo.

Funda Izenzo 1v8 umazi ngenhliziyo.

Owesifazane waseSamariya wahamba wayotshela abangani bakhe ngoJesu, ngokunjalo nathi simelwe ukutshela abanye. Ekhuleka kuYise uJesu ekhulekela abafundi bakhe wathi, "Abasibo abezwe, njengoba nami ngingesuye owezwe. Njengoba ungithumile ezweni, nami ngibathumile." Sithunyiwe ukufakazela uKristu, ukuze izwe likholwe uye. Ukufakaza kusho ukumemezela lokho uKrestu akwenzele khona, nokusho ukuthi uyiguqule kanjani impilo yakho. Sinokuhle esingakutshela izwe!

IZWE LESWELE UKUZWA IZINDABA EZINHLE

1. Funda kwabase Efesu 2v12.
   - Lithi ivesi abantu abasengakasindiswa banjani na? _____ _____ .

2. Funda uJohane 3v18.
   - Siyini isizathu sokulahlwa na? _____ _____ .

3. Funda uLukha 19v10.
   - Yaiyini injongo kaJesu ukuba eze emhlabeni na? _____ _____ .

4. Funda uJohane 3v16.
   - Abantu bamele benzeni ukuze basindiswe na? _____ .

5. Funda uJohane 14v6.
   - Zikhona ezinye izindlela zokusindiswa ngaphandle kokukholwa uJesu na? _____ .

AMAKHOLWA AMELE ALETHE ABANTU KUKRISTU

6. Funda uJohane 1v40-42.
   - UAndreya nxa esecale ukulandela uJesu wayesenzani na? _____ _____ .

7. Funda aJohane 1v42.
   - UAndreya wamletha kubani uSimoni na? _____ .

8. Funda uLukha 8v39. Wathi ukuba aphilise indoda enamadimoni:
   - Wayeseyithuma kuphi na? _____ .
   - UJesu wayitshela ukuba yenzeni na? _____ .
   - Wafakaza kuphi ngoJesu na? _____ .

9. Funda Izenzo 1v8.
   - UJesu yfuna ukuthi senzeni na nxa sesithole amandla na? _____ _____ .
   - Sizothola amandla azosisiza ukufakaza. Lawa mandla avelaphi na? _____ .

10. Funda uJohane 4v7.
    - UJesu washumayela abantu abangakhi na? _____ .

11. Funda Izenzo 8v28-39.
    - UFiliphu abefakazela ubani na? _____ .

12. Funda Izenzo 5v42.
    - Abafundi babefundisa beshumayela kuphi na? _____ .

UMOYA ONGCWELE USINIKA IZIPHO ZOKUKHONZA

13. Funda 1 KwabaseKhorinte 12v4-11.
    - Yiziphi izipho ezisisiza ukufakaza na? _____ .

14. Funda kwabaseRoma 12v3-8.
    - Yiziphi izipho ezilotshiwe lapha na? _____ _____ .